# MANDENI NEWS

JANUARY | FEBRUARY | MARCH EDITION | 02 Kingfisher Road Mandeni, KwaZulu-Natal

# INJABULO ISAGUGA SIBUSISZWA NGENDLU NEFENISHA KA NOKUSHO



**INJABULO** ibibhalwe ebusweni ku Thandisiwe Shobede (60) ngesikhathi evulelwa ngokusemthethweni indlu yakhe entsha ayakhelwe ngu Mnyango wezokuhlaliswa kwabantu ngokubambisana no Masipala wase Mandeni. Umcimbi wokwedlulisela izikhiye ku Nksz. Shobede ubungo mhlaka 23 March 2021, KwaSithebe.

WHATSAPP SUPPORT : 0600 123 456
EMERGENCY NUMBER: 0800 029 999
REGULATIONS OF COVID 19
Wash you hands, Sanitize and Wear Mask in Public Area
Social distance is required in public areas
COVID-19 Stay Safe
SAY NO TO WOMEN & CHILD ABUSE

# ASIGCINE I-MANDENI IHLANZEKILE











**UKUQHUBA** UMkhankaso wokugcina i-Mandeni ihlanzekile, uMasipala wase Mandeni ubeke imigqomo ka doti eli-25 edolobheni nasezindaweni ezisondelene nalo. Lomkhankaso uqhutshwe mhlaka 30 March 2021 kanti kusazoqhubeka ukubekwa kwemigqomo ezindaweni ezining ezinxenxa abantu abaningi. Ukugcina idolobha lethu lihlanzekile kungalekelela ukunxenxa amabhizinisi nokuqinisekisa ukuthi iMandeni iyathuthuka ibe isizinda somnotho okwazi ukuhlinzeka bonke abantu bakulendawo

## KUDLULISELWE IZITHOMBO EMPHAKATHINI



**MHLAKA** 10 March 2021, uMasipala wase Mandeni ngokubambisana nomnyango wezolimo badlulisele izithombo ku malunga omphakathi eNdulinde. Lokhu kwenziwe ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi abalimi bayaqhubeka nokusebenzisa umhlabathi ukuziphilisa

## INJABULO KU ZAGUGA ZASE ABELIMO OLD AGE HOME



**KUBE** intokozo yodwa ku baphathi Kanye nabantu abadala abasizakala esikhungweni sabantu abadala, Abelimo Old Age Home ngesikhathi uMasipala ubalethela izipho Kanye ne zinsiza. Lokhu kuvakasha kwenzeke mhlaka 17 March 2021 endaweni yase Nembe.

27 APRIL
FREEDOM
MONTH 2021



THE YEAR OF:
CHARLOTTE Mannya MAXEKE
THE MEANING OF FREEDOM UNDER COVID-19

#FreedomMonth2021
#2021YearOfCharlotteMaxeke

@GovernmentZA @GovernmentZA @GovernmentZA

MANDENI MUNICIPALITY
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA
2030 NDP
STAY SAFE PROTECT SOUTH AFRICA

# BAHLINZEKWE NGEZINSIZA OSOMABHIZINISI ABASAFUFUSA

**BAHLEKA** bodwa osomabhizinisi besifazane basezindaweni ezahlukene ngaphansi kuka Masipala wase Mandeni kulandela ukunikezwa izinsiza ngu Masipala. Umcimbi wokudlulisela lezizinsiza ububanjelwe eSibusisiwe Hall, mhlaka 31 March 2021. Phakathi kwezinto ezitholwe ngabahlomulile kuloluhlelo singabala imishini yokuthunga, amabhodwe, izitofu Kanye  nezitsha zokuphakela kulabo abenza ibhizinisi lokupheka.








## KUHANJELWE UMPHAKATHI NGOLWE SIFO SOFUBA



**ABASEBENZI** Kanye nobuholi buka Masipala wase Mandeni bajoyine umnyango wezempilo ukugqugquzela umphakathi ukuhlolela isifo sofuba ngosuku lomhlaba lwe  World TB Day, mhlaka 24 March 2021. lomkhankaso ububanjelwe kwa Sithebe

# BAGOGODILE ABOHLELO LWE EPWP



**ABANTU** abasha base Mandeni ababalelwa ku 50, bagogodile ohlelweni lwe EPWP Skills Development obeluholwa ngu mnyango wezokuhlaliswa kwabantu ngokubambisana no Masipala wase Mandeni. Lomcimbi ububanjelwe enkundleni yezemidlalo ka Ngced'omhlophe Sports Ground mhlaka 23 March 2021. Labo abebethweswa imiyezane bagogode ezifundweni zokubeka i-Blocks, ukushubha ugesi Kanye nokushubha amapayipi amanzi ukukha nje phezulu.







MANDENI NEWS

EDITORIAL TEAM
Editor in Chief, **Sizwe Khuzwayo**
Editor, **Mduduzi Manzi**
Content Production and Layout, **Marvellous Zondi**
Contact: **mandenimunicipalcommunications@gmail.com**